

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

EXEMPLAR 2014

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayisi-6.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1

- 1.1.1 Kwakubangelwa ukuthi sasingasazi isibongo kanye nezithakazelo zakulowo muzi. ✓✓ (2)
- 1.1.2 Uma esihambi sifike sabusa ngamanzi amponjwana abaphansi nabo babesondela ekhaya bezobungaza umuzi baphuze nabo kanye nesihambi. ✓✓ (2)
- 1.1.3
- Isithembu somnumzane sasiphuma nezitsha zamanzi siyohlamba emfuleni. ✓
 - Sasivunula maqede siyobingelela isihambi. ✓
 - Isithembu sasingena endlini siholwa wundlunkulu phambili, sihlale ngokulamana kwaso. ✓
 - Bazoqala ukubingelela isihambi ngokwelamana kwabo. ✓
- (4)
- 1.1.4 Uhlose ukuvuselela isiko lokwamukela nokuphatha kahle izihambi/lokukhombisa ubuntu kumuntu oyisihambi. ✓✓ (2)
- 1.1.5 Undlunkulu uyena omdala kunabanye omakoti. ✓ Ngakho-ke uyisibuko somuzi futhi unolwazi olunzulu lwalowo muzi. ✓✓ (3)
- 1.1.6 Lesi simo sokukhuluma singilekelele ukuba ngiqonde ukuthi kubalulekile ukuthi isihambi ngisiphathe kahle ✓ ngoba nami ngelinye ilanga ngingaba yisihambi ngakubo kwaso ✓ ngifise ukuphathwa kahle. ✓ (3)
- 1.1.7 Ngiyavumelana ngoba izihambi zamanje azisaphathwa kahle ngoba sekwande ubugebengu ✓✓ /isimo somnotho sesiyantenga kanti ukunakekela umuntu sekuyabiza. ✓✓ (2)
- 1.1.8 Umbhali usebenzise ulimi oluchemayo ngoba ukuphatha kahle isihambi kwenziwa yiwo wonke umuntu hhayi amaZulu kuphela. ✓✓ (2)
- 1.2
- 1.2.1
- Izindlu zesintu. ✓
 - Insimu enkulu egcekeni. ✓
- (2)
- 1.2.2 Kuveza umuzwa wokumangala/wokwethuka ngoba ebona umuntu angamazi nabengamlindele. ✓✓ (2)
- 1.2.3 Aveza ukuthi abazani futhi le ndoda akuyona eyakule ndawo. ✓ (1)
- 1.2.4 C./✓ Isihambi saneliswa yilokho esikuphiwayo. ✓ (1)
- 1.2.5 Ngicabanga ukuthi kumele ahambe ayokwazisa umnumzane wekhaya ngesihambi ✓ khona ezosamukela bese besinika nokuya ngasethunjini. ✓ (2)
- 1.2.6 Umamukele ngenhlonipho wayeka nakwenzayo nakuba engamazi ukuze ambuze kahle ngemvelaphi yakhe. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	Amalunga omndeni kubalulekile ukuba abe nesineke, uthando nokubekezela ekukhuliseni le ngane.	1	Umndeni wale ngane awutshengise ukuyamukela nokuzinikela ngokuphelele esimweni eyiso.
2	Ukukhokhelwa kwezinsiza zobuchwepheshe zokwelashwa kwengane.	2	Umndeni awuzimisele ukwenza noma yini ezoletha ubungcono empilweni yale ngane.
3	Ukubhekana nokuphoxeka nobandlululo.	3	Umndeni awamukele ukuthi abantu ngeke beyamukele ngendlela efanayo le ngane .
4	Ukuxhumana nezinhlangano kanye nabazali abanezingane ezinezinselelo ezifanayo.	4	Ungaluthola usizo kwabanenselelo efana neyakho.
5	Ukuchitha isikhathi nale ngane kuyenza izizwe ibalulekile futhi ikhululekile ngisho nokuxoxa ngesimo sayo.	5	Ukuzisondeza komndeni kule ngane kwenza ukuthi ingazenyazi futhi isamukele isimo sayo.
6	Makubonswane nabangani kanye nabeluleki bezengqondo ngokukhuliswa kwale ngane.	6	Thola usizo kodokotela bezengqondo abazoneluleka ngendlela efanele yokukhulisa umntwana onezinselelo.
7	Mayibhekkelwe izikole ezikhethekile lapho izosizakala khona ngokwesimo sayo.	7	Ingane mayitholelwe izikole ezihambisana nenselelo ebhekene nayo.

NOMA**Ukufingqa ngesigaba.**

Umndeni wengane enezinselelo awutshengise ukuyamukela nokuzinikela ngokuphelele esimweni eyiso bese wenza noma yini ezoletha ubungcono empilweni yale ngane. Umndeni mawuqonde ukuthi abantu ngeke beyamukele ngokufana le ngane kodwa ungaluthola usizo emindenini enenselelo efana neyabo. Ukuzisondeza komndeni kule ngane kuzokwenza ukuthi ingazenyazi futhi isamukele isimo eyiso. Abomndeni bangaluthola usizo kodokotela bezengqondo abazobeluleka ngendlela efanele ekukhuliseni le ngane enezinselelo. Kubalulekile ukuba ingane itholelwe izikole ezihambisana nenselelo ebhekene nayo.

[Inani lamagama= 66]

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukufingqa makumakwe ngale ndlela:

• Ukwabiwa kwamamaki:

- amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7(imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
- amamaki ama-3 awolimi.
- amamaki esewonke: 10.

• Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:

- 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
- 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
- 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

• Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama acashuniwe esiqeshini:

- 1–5 amaphuzu acashuniwe nikeza imaki eli-1 olimini.
- 6–7 amaphuzu acashuniwe: nikeza imaki eliyi-0 olimini.

QAPHELA:**• Ukubalwa kwamagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenziwe.
- Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
- Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe umusho lowo eqe ngawo kuphela ngaphezulu bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3**

- 3.1 Umkhiqizo wokugcoba i-Clere Active. ✓✓ (2)
- 3.2 Sibhekiswe kubantu besilisa abasha/ezinsizweni ezizithandayo ngoba zithanda ukubona imizimba yazo ibushelelezi. ✓✓ (2)
- 3.3 Kwenza umthengi aheheke alangazelele ukuba nesikhumba esibushelelezi njengale nsizwa okukhangiswe ngayo. ✓✓ (2)
- 3.4 Umqondo wokuchaza. ✓ (2)
- 3.5 Awukholeki ✓ ngoba noma ungagcina ubushelelezi kodwa ngeke kwenzeka ngokushesha okukhulu. ✓ (2)
- [10]**

UMBUZO 4

- 4.1 Aveza umuzwa wokuthukuthela✓/wokumangala✓ ngoba kusetshenziswe uphawu lokuloba oluyisibabazo. ✓ (2)
- 4.2
- UBob ubambelele okhalweni. ✓
 - UBob ubuka uTom ngqo emehlweni. ✓
- (2)
- 4.3 Umsebenzi wokuvumelana kukamenziwa. (1)
- 4.4 A./✓ Uyalazisa usuku lokuzalwa lukanina. ✓ (1)
- 4.5 Abugculisi ubudlelwano bamalunga alo mndeni. ✓ Akukho ukwazisana ngoba ubaba ukhohlwa usuku lokuzalwa lukankosikazi wakhe✓ kanti nomama akaluqoqi ulimi lwakhe uma ekhuluma nobaba wasekhaya. ✓ (3)
- 4.6 Umdwebi ukwazile ukudlulisa umyalezo wakhe ngale khathuni wokuthi izingane ziyakwazi ukucabanga izinto eziphusile zidlule abazali bazo. ✓✓/Abantu abaganene kumele bazisane ngoba ukungazisani kungaletha ingxabano njengoba sibona kule khathuni. ✓✓/Abazali akumele bathethisane phambi kwezingane zabo. ✓✓ (2)
- [10]**

UMBUZO 5

- 5.1 Izwe laseNingizimu-Afrika lama nse ngenkathi kunendumezulu yomdlalo. (1)
- 5.2
- Ngathi ngisakhuluma emhlanganweni uSihlalo wangivala ngokuphakamisa isandla. ✓✓
 - Iphoyisa lasivala ngempama isigebengu. ✓✓ (imisho iyokwehluka). (2)
- 5.3 Thina siyizwe eliphiwe kwezemidlalo futhi ukuwina nathi kuyisinkwa nebhotela. ✓✓ (2)
- 5.4 Kuzokhumbuleka ukuthi amaBhokobhoko✓ azuza indebe yomhlaba ngonyaka **we-**✓✓1995. (3)
- 5.5 UZahara nesigingci sakhe bayisinkwa nebhotela. ✓✓ (2)
- [10]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70